**AMAZWI KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU OKWESEKA UMKHULEKO WOKUQEDWA KOBUGEBENGU ENDAWENI YASE-INK MHLAKA 18 NOVEMBER 2010**

Mphathi Wohlelo
Amalungu eSishayamthetho
Amakomiti lezokuThutha nelezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi
IMeya yeTheku
Amakhansela e-INK
Abaholi bezenkolo
Abamele izinhlaka ezahlukene zomphakathi abakhona
Izicukuthwane ezahlukene
Abezindaba
Abasebenzi boMnyango nabakaMasipala
Abazalwane bonke;
Ngiyanibingelela!

Masiqale ngokubonga ukuthi namukele lesi sicelo sethu sokunimemela kulo mkhuleko esiwuthatha njengobaluleke kakhulu emkhankasweni wethu wokulwa nobugebengu. Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje sekucacisela kahle ukuthi iyaphi le nqola esiqale ukuyidudula ngoSeptember kule ndawo ngenkathi sethula uhlelo lwethu luka-Operation Hlasela.

Namhlanje sibona into esikhuthaza kakhulu singuHulumeni, yokuthi amakholwa aphumele obala athi azosebenzisana nathi ekulweni nobugebengu. Aphumele obala athi azimisele ukunikela ngemithandazo yawo ukuze kunqotshwe le mpi. Namhlanje sesiqalile ukubona okwakushiwo ngubuholi bezenkolo kule ndawo ngelanga esasilapha ngalo, ukuthi vele bona abasahleli phansi sebeyayisebenza indaba yokulwa nobugebengu.

Kubantu abangaphezu kuka-48 million eNingizimu Afrika sinabantu abambalwa kabi abangewona amakholwa. Umehluko ngukuthi sinezinkolo eziningi ezahlukahlukene kodwa ezisemthethweni ngokomthethosisekelo. Futhi kuzo zonke lezi zinkolo uma kungeyona ekasathane, zonke zikhuthaza ukwakheka kwezimilo zabantu.

Manje kuhlale kusihlupha-ke ukuthi pho konakalaphi uma ezindaweni esihlala kuzona sesiba nabantu abangenanembeza abaphazamisa inhlalakahle yabanye abantu kodwa sibe sinamakholwa angaka. Likhona yini ikholwa elingathi lona alazi muntu oyinswelaboya endaweni elihlala kuyona uma kungeve lihlala nayo khona endlini? Pho kungani zingaboshwa ubuthaphuthaphu izigebengu phela ngoba zihlala namakholwa anonembeza neqiniso?

Siyazibuza ukuthi ngabe ayazi yini amakholwa ukuthi afaka elikhulu igalelo ekuqhubekeni kobugebengu uma ehlala engenzi lutho alindele ukuthi ayoze akhale uma izinswelaboya sezihlasele wona sezingena emasontweni zibambe abantu inkunzi njengoba kuke kwenzeke kwezinye izindawo bese kukhalwa ngamaphoyisa noHulumeni.

Namhlanje siyakhuza-ke sithi hhayibo, sesadlula isikhathi lapho kwakunomqondo wokuthi ukuphepha kwethu kumele kubhekelelwe nguHulumeni kuphela. Lesi yisikhathi sokuthi ezokuphepha zibe seduze nezinhliziyo zethu. Phela lapha sikhuluma ngokuvikelwa kwesipho esiyigugu kabi okuyimpilo.

Yingakho-ke futhi sibonga ngale nkonzo yanamhlanje esinika isiqinisekiso sokuthi ngokubamba kwenu iqhaza ngale ndlela, sizobona izithelo ezinhle maduze nje kule ndawo ye-INK. Siyazi ukuthi njengoba silwethule ngoSeptember nje lolu hlelo luka-Operation Hlasela kule ndawo, mhlambe kusesekuseni ukuthi sesingalindela umehluko omkhulu njengamanje. Kodwa ukuvukuzeka kwabantu okwenzekayo kufana nenhlamvu yokuxwayisa (warning shot) ezigebengwini.

Ababekhona ngesikhathi silwa nobandlululo bazokhumbula ukuthi kwenzekani ngenkathi sivukuza umphakathi sinxenxa nabezenkolo ukuthi basilekelele ukukhulula leli lizwe. Ngakho-ke sazi kahle ukuthi impi oyilwa unamakholwa ngasohlangothini lwakho noma kanjani uyayinqoba. Futhi kuyaziwa phela nokuthi amagwala awangeni naseZulwini.

Nathi-ke njengoMnyango noHulumeni jikelele, sikholwa ngukuthi abaholi bezenkolo kumele babambe iqhaza elikhulu ekushumayeleni ivangeli lokuphepha. Sikholwa ngukuthi izinhlaka zezenkolo ziyinsika yomphakathi njengoba zinomthelela omkhulu ekulungisweni kwezimilo zabantu. Siyakholwa futhi ngukuthi uma sihlangana ndawonye emkhulekweni, amandla aba maningi kakhulu.

Ezimfundisweni zaKhe eBhayibhelini uJesu akafundisi ngamandla omkhuleko kuphela, kodwa nangamandla okuhlanganyela emkhulekweni. Wathi uma amakholwa amaningi ehlanganyela emkhulekweni uYise uyobanika abakucelayo (Matthew 18). Ezinye izazi kwezenkolo zithi uNkulunkulu uwulungisa ngomkhuleko umhlaba. Ngenkathi kwanda ukukhuleka emhlabeni yilapho umhlaba uyoba ngcono kwande nemimoya yokunqoba usathane.

Mangiphethe ngokuthi kodwa noma sesikushilo konke lokho, uJesu watshela abafundi bakhe ukuthi labo abezwa iZwi laKhe, kodwa bahluleke ukwenza njengoba lisho, bafana nendlu engenaso isisekelo egugulekayo uma kufika isiphepho. Yingakho sinxusa abantu bakithi asebewuzwile umyalezo wokulwa nobugebengu ukuthi benze phela njengoba betshelwa.

Esizokukhuluma ezinkonzweni sicela ukukubona ngamehlo kwenzeka manje. Isifundazwe masiphume ekubeni ngesihamba phambili njalo ezibalweni zokubi. Kuyihlazo ukuthi njalo uma kukhishwa izibalo zobugebengu, ingculazi nezingozi zomgwaqo iKwaZulu-Natal ilokhu ihamba phambili.

**Ngiyabonga!**